

ADDRESS BY KZN HEALTH MEC NELISWA NKONYENI ON THE
OCCASION OF THE KZN CABINET SOCIAL SECTOR JOINT
OUTREACH PROGRAMME IN AMAJUBA DISTRICT

Programme Directors

Mfundisi- Rev NK Sithole

Isilo samaBandla onke; Bhejane phuma isiqiwini, Bayede

MEC for Social Development: Meshack Radebe

MEC for Housing: Mike Mabiyakhulu

MEC for Education: Ms Ina Cronje

MEC for Sports and Recreation: Rajbansi

Heads of Departments: Education- Dr Lubisi; Health- Dr Yoliswa Mbele; Sports and Recreation; Local Government, Housing and Traditional Affairs.

Malunga omphakathi ahloniphekile

Siyabingelela kuwo wonke umuntu wale District yase Amajuba. Bakhona yini abavela Emadadeni; Osizweni; eBlaaubosch; e Utrecht kanye nase Dannhauser?

Namhlanje sizohlanganyela nani ngaphansi kwemiNyango engaphansi kwe **Social Cluster** eqikelela kakhulu ukunethezeka

kweziMpilo zenu.

A. PRIORITIES

UMnyango enguwusingethe mina yilowo wezeMpilo; Department of Health. Esikuhambisa phambili njengoMnyango nesithe sizokwenza kube ama **PRIORITIES** kulomphakathi owakhele i**Amajuba District** nolinganiselwa ku 600 000 yiloku:

- Promoting Health lifestyle (including physical movement, tobacco and alcohol interventions).
- Communicable Conditions: (including HIV and AIDS, STI's, TB).
- Children's Health and Nutrition (including Malnutrition, Vaccine Preventable Condition).
- Maternal and Reproductive Health; and
- Non – communicable Conditions: Chronic Conditions, Hypertension, Cancer.

B. INFRASTRUCTURE IN PLACE

Lezinhlelo esiziphakamisayo siyaqikelela ukuthi ziyenzeke ngosizo esilukhipha ezikhungwini zezeMpilo esinazo kule District njengaloku endaweni yase **Dannhauser** sineMitholampilo, clinics, engu 7, bese kuthi abadinga usizo lochwepheshe sibathumele eMadadeni kanye nase Newcastle.

Kanti kuMasipala wase **Newcastle** khona sinezibhedlela ezimbili okuyi **Madadeni Hospital** kanye ne **Newcastle Hospital**. Abahlala endaweni yase Utrecht, bayazi ukuthi khona sinawo uMtholampilo, ama **mobile clinics** amabili kanye ne **Niemeyer Memorial Hospital**.

Amalunga omphakathi adinga usizo lochwepheshe siphinde sibe nezinhlelo zokuwadlulisela e Ethekwini kanye nase Umgungundlovu

C. NEW PROJECTS UNDER CONSTRUCTION

1. Medical Forensic Mortuary

Mangisho futhi ukuthi uhlobo lwe **Medical Forensic Mortuaries** alusekho emaphoyiseni kodwa sesiluphethe ngaphansi koMnyango wezeMpilo. Ekuphatheni kwethu lezinhlelo sithole ukuthi ziningi kakhulu izinkinga ezikhona, sase sibona ukuthi siqale phansi sakhe I **Medical Forensic Mortuary** entsha nesesiyiqalile esibhedlela sase **Madadeni**. **Le Mortuary izokwazi ukulayisha imizimba engaphezu kuka 40.**

Le Mortuary sizoyakha ngezindleko ezilinganiselwa ku **R19 112 530.00** kanti ke sizimisele ukuthi kushaye u **December ka 2009** ibe isiqala ukusebenza.

2. New Ward for Children –Newcastle Hospital

Esibhedlela sase Newcastle ngifuna ukwazisa umphakathi ukuthi khona sakha iwodi yabantwana okumanje osekulindelwe ukuthi iqedwe ngoba u 85% womsebenzi usuwenziwe. Imali esiyifake lapha ingu **R4 813 000. 00**

D. UPGRADING AND RENOVATIONS

1. Madadeni Section 5 Clinic

Kuloyamtholampilo sivuselela kabusha isimo sakhona ngoba sifuna umphakathi uthole usizo olusezingeni elifanelekile. Nakhona sekuyaqedwa ukusebenza ngoba u 95% womsebenzi usuwenziwe. Imali esiyifake khona isamba sika **R713 346. 00**.

2. EMRS BASE

- **Charlestown Wash Bay and Undercover Parking:** Cost **R289 800. 00** kuyaqhubeka ngomsebenzi.
- **Groenvlei Wash Bay; Undercover Bay and Concrete Drive Way.** Imali efakiwe isamba sika **R359 700. 00** kanti ke umsebenzi usaqhubeka.
- **Utrecht store room.** Umsebenzi oqhubeka lapha ukhishelwe u isamba sika **R141. 000. 00**

E. COMMUNITY BASED WORKERS

Ngaphezu kwezinhlelo esiziqhuba ezibhedlela kanye nasemitholampilo, siyazi ukuthi kukhona abantu abagulela emakhaya nabafuna ukuvakashelwa beyobhekwa ukuthi badinga ini. UMnyango nabo uqikelele ukuthi bayaluthola usizo ngokuqhasha ama **Community Based Workers**. Kule District naku esikufakile:

- 396 Community Care – Givers
- 431 Home Based Care Workers
- 20 Youth Ambassadors, TB programme

F. ORPHANS AND VULNABLE CHILDREN [NIP SITE]

Siyafisa ukuthi ngathi banganda abantu abaqoqa basize lezingane ezingasanabani njengaloku kwenzeka lapha **Osizweni ku Site Number 2401 ku Section A**. endlini eyaziwa ngelokuthi kuka **KwaHilda Ongcwele**.

Lapha abantwana bathola usizo lokugezwa; lokuwashelwa izimpahla zabo; lokusizwa nge home work kanye nokubahanjiswa emitholampilo uma bephathekile noma ngezinsuku abalindeleke ngazo.

Kusukela ngenyanga ka April, uMnyango wezeMpilo usulekelele ngesamba sika **R49 000 for food** uthenga ukudla; **R7 500 for rent** ukhokha intela kanye no **R 7 000 on salaries** ukhokhela omama abasiza labantwana.

Siphinde sibonge nokusebenzisana naboMnyango wezeMfundo njengoba ziziningi izikole ezingama **Health Promoting School** kule District.

CONCERNS

Mangisho kodwa ukuthi siyakhalaza ngezinga eliphezulu kulemikhakha:

- High levels of Sexually transmitted disease - 14 316 people treated
- Teenage pregnancy is still high in the District.
- 0,2% Cervical cancer screening rate
- Low Antenatal visits before 20 weeks

ASSISTANCE TO STUDENTS

- Total of 23 students afforded bursaries.
- 20 bursaries allocated to students pursuing a career in the health sciences within the country.
- There are 3 students studying medicine in Cuba.

Masibambisane emphakathini! The People Shall Govern!